

Uses of trees and riddles.

15

K13/21

s700 (42)

K13  
AM/3/21

F. Vilakazi

~~62~~  
1/7

1.

Imithi.

Umkhovothi:- Umuthi omuhle ekwenzeni amajokwe.

Amaqokolo:- Izithelo zawo ziyadliwa zimnandi.

Umhlonhlo:- Umuthi onengozi kakhulu. Uma ngawula kuyaye kuphume amasi, lamasi uma ekuthinte emzimbeni kuvela izilonda.

Umsilingi:- Umuthi owawungekho kuleli lakithi wafika nezizwe. Wenza amapulangwe amahle. Kuthi amaqabunga awu asize uma uphethwe isisu.

Umyamathi:- Umuthi osiza njengomsilingi. Uma ulunywa isisu udla amaqabunga awo.

Umkhuhlu:- Zimbili izinhlobo zomkhuhlu, owenkunzi nowenkomazi. Awenkunzi awunazo izinhlamvu kodwa owenkomazi unazo. Amahlamvu omkhuhlu wenkomazi kuchathwa ngawo uma ulunywa isisu.

Umvuyo:- Izithelo zo Mvuyo ziyadliwa.

Iqhume:- Lenza izagila zokushaya izinyoni.

2. Ugagane:- Abantu bavama ukwenza ngawo isikhonkwane ngo6a umuthi oqinile ongadliwa umuhlwa.

Umhlakuva:- Izinhlamvu zawo zinamafutha okuhlikihlwa ngawo imisendo yezidwa6a.

Isibubu:- Senza izinkezo nezixembe.

Umdoni:- Izithelo zawo ziyadliwa. Futhi uya6azwa wenze izigqulo zokushaya isitambu.

Uyethi:- Uyasiza uma umuntu ephethwe umkhuhlane.

Umvuthwamini:- Unezithelo ezidliwayo zithandwa a6antwana ikakhulu.

Umvuyo:- Nawo izithelo zawo ziyadliwa.

Umgagongo:- Umuthi osiza kakhulu ekuchatheni uma unamabungane esiswini.

Umsuzwane:- Amahlamvu awo ayagxotshwa uwanuke uma uphethwe likhanda.

Umthombe:- Amagxolo omthombe ayaxetshulwa kwenziwe uzi lokweluka amacansi.

Ingavi:- Lenza izinduku ezinhle.

s700

3. Umngamanzi:- Kuxethulwa amaxolo kwenziwe izintambo zokubopha izintungo zamaqhugwane.
- Iklolo:- Nalo lenza izintungo zokwakha amaqhugwana.
- Amasethole:- Umuthi omuhle ekwenzeni izinduku.
- Isikhuphashane:- Izithelo zaso ziyadliwa, ikakhulu zithandwa abafana.
- Umlungulu:- Unezithelo ezimnandi kakhulu ekwenzeni ujamu. Abanye benza amanzi amnandi okuphuza.
- Unweba:- Umuthi oqinile ekwenzeni izinqola nezinduku.
- Umkhiwane:- Unezithelo ezimnandi ezidliwayo, wenze futhi amableki ezinqola.
- Unganu:- Izinhlamvu zawo zenza utshwala obumnandi. Abantu sebaze benza nesiga sokuthi; 'Udakwe utshwala bamagamu.' Amaxolo awo adliwa umuntu osuke efelwe, kuthiwe yikhona ezoqina angaphelelwa amandla.
4. Umazwenda:- Abafana benza ngaye izinduku. Abadala baluka ngaye kwenziwe izithebe zokudlela inyama.
- Umthongwane:- Izithelo zawo zithi uma seziqinile zibe izigiyana eziqizwa ngokuthi amathongwane kufakwe khona ugwayi ogayiweyo.
- Umnama:- Umuthi othandekayo ekwenzeni izinduku. Izinduku ezenziwe ngawo zinenani elikhulu.
- Umsimbithi:- Umuthi ovamise ukwakha izindlu, wenze nezinduku, nezimboko, namawisa.
- Isiphampatho:- Umuthi wokwakha izindlu.
- Umthombothi:- Wenziwa izinsika ezinhle zokwakha izindlu.
- Umngawe:- Kuqala wawuthandeka kakhulu kubaswa wona uma kwenziwa imikhonto ngo6a unamalahle amahle, futhi uthandeka ngokulondoloza
5. umlilo umetshisi imgakaziwa kusokhelwa ngozwathi.
- Umphumbulu:- Umuthi omuhle ekwenzeni izinduku eziqinileyo.
- Iqwaninga:- Izimpande zalo ziyasiza uma ukhwehlela, ziyagxotshwa ziphuzwe.
- Usofo:- Iwenza amanamfu ezinqola.
- Isifithi:- Kwenziwa ngaso imiphini yamazembe.
- Umkhiphampethu:- Uma inkomo inezilonda kugxotshwa lomuthi

s700

ufakwe 6ese zifa zonke izimpethu ziphelenya.

Umthundulukwa:- Unezinhlamvu ezidliwayo kepha azimnandi zimimcu nje.

Umzungulu:- Wenza izintambo eziqinile zokufulela amaqhugwana.

Usondelangange:- Nxa umuntu enezinhlumba u6anjwa ngameva akhe lapho esesikwe ekhishwa.

6. Isundu:- Amahlamvu alo enza obasikidi a6ahle 6esilungu, kuthi isidumbu salo senze imishanelo elukhuni. Linezithelo futhi ezidliwayo.

Umqokolo:- Lomuthi unameva amade. A6antu 6awahloma ekhanda ukuze kuthi uma 6ehlatsywa ngameva 6a6angule ngawo, ikhakhulu endule 6aze 6aveza nesisho sokuthi: 'Ivalikhishwa ngelinye?'

Umdle6e:- Lona umuthi oyingozi ka6i uma ukewama ngasemoyeni iphunga lawo leza kuwe uyafa khona lapho. Nezilwane, nezinyoni uma zike njezadlula kuwo zanukelwa iphunga lawo zifela khona lapho. Lapho umile khona ufica amathambo sekwa6a mhlophe nje ezilwane.

Ungazi:- Lomuthi ukhihliza amahlule. Izinyanga zona zelapha ngawo uma umuntu eqhinsika igazi emzimbeni.

7. Umthuma:- Izithelo zawo ziyasiza ukuhla6ela olimeleyo, ziwumhla6elo.

Umyezane:- Lomuthi uyaye unqunywe u6ezinqanyana ezimfisha 6ese kwenziwa umgexo ofakwa ngamaqhawe ahla6ene empini. Yizona ziqu zakwa Zulu.

Umhluhluwe: Umuthi onameva. Uyaye wenziwe isicheme sifakwe enhla namadevu enkonyaneni ukuze linganyisi uma lihamba nonina. Lithi uma liyancela ameva ahla6e unina, ethuke akhahlele inkonyane.

Isibaha:- Lona umuthi osiza kakhulu emkhuhlaneni. Kuqala awukho owawedlula wona, namanje uma uwuthenga u6iza inani elikhulu.

Umphafa:- Kuyaye kuthi uma izulu seline kakhulu izimbuzi zingakwazi ukuphuma zeluke zisikelwa wona umphafa amahlamvu awo zidle wona. ~~XXXXXXXX~~

8. Insangu:- Kwakuligugu kakhulu endulo ukubema insangu. Ibenywa ngegudu. Yilapho izinsizwa zazihlangana khona zixoxelane

s700

uqubhawe bazo. Kwakuye kuthi insizwa ibeme maqede yathula nalo, bese zithi ezinye, "Uthule nalo njena ngayiphi impi yakho na?" Apendule athi, "Ekuthini ngahlabana nasekuthini futhi ngahlabana," asho maqede azibongele esho izibongo zakhe. Ezinye zithi, "Uthule nalo ngakhona mfoka Bani nasendaweni yasekuthini sezwa ngobuqhawe bakho?"

Idlebelendlovu:- Abafana bayalicia benze ngalo izinkande zokuhlaba insema. Insema iphonswa ekwehleni, abafana bese beyiciba befunda ngayo ukuhlaba izinyamazane zigijima.

UmunungumaCele:- Umuthi omuhle ekwenzeni amajokwe nemiphini yamazembe.

- Umumbu:- Lona umuthi izinyanga ezelapha ngawo umuntu ovamise ukufelwa abantwana umuthi wokumisela. Inyanga yelapha yelaphe ithi uma seyiqeda ithathe konke ebeyelapha ngako ikugqibe ekhaya, kuthi phezulu itshale wona Umumbu. Mhla umilayo bethembe bonke ekhaya ukuthi umntwana uzobakhona.

Iboza:- Liyasiza kakhulu uma ukhohlela, umuthi womkhuhlane. Kugxotshwa amahlamvu alo aphuzwe.

Inhlaba:- Kuthathwa amabeqe awo omileyo ashiswe enziwe umlotha oxutshwa nogwayi uma ugaywa ukuze ubemnandi. Uma kukhokhwa umntwana ebeleni kuthathwa ibeqe eluluhlaza linindwe ebeleni athi uma efuna ukuncela ezwe libaba ibele alesa be njalo.

Isihlehle:- Umuthi owawaziswa kakhulu ukutshalwa phezu kwamathuna benzela ukuvimbela abathakathi uku ba bangambululi lona ofileyo.

10. Intelezi:- Umuthi okuchelwa ngawo ekhaya uma kukhona umhlolo ovele ekhaya. Abaningi nanamuhla basawenza.

Umhlonyane:- Uyasiza kakhulu emkhuhlane ikakhulu ekuchatheni izingane.

Umahedeni:- Kugxotshwa amahlamvu nezimpande zawo kulashwe izinkomo ziphuziswe bese zihuda.

Umondi:- Umuthi osizayo ngokuqeda ukuqumba. Kusetshenziswa izimpande zawo. Uvula inhliziyo uma imnyama ingakuthandi ukudla.

Umkhokha:- Izinhlamvu zawo zibomvana nebadlana elimnyama. Zifakwa esikhwameni semali kuthiwe ziletha inhlanhla yoku ba

s700

uthole enye futhi imali. Bangingi abasakwenza nanamuhla.

Umfusamvu:- Kuxetshulwa amagxolo awo agxotshwe umuntu akhiphe ngawo umthakathi (inyongo).

11. Ukuqagelisana

Ukuqagelisana loku kwakuwumdlalo owawuthandwa kakhulu ngabantu bakithi endulo. Manje sekungumdlalo nje wabantwana kanti futhi nazo izingane sezinyawukhohlwa. Endulo abadala kwakuyiyonanto bezija bulisa ngayo uma beziphumulele.

Ukuqagelisana kwenziwa x kanjena:-

Ngitshele igama lenyoka ende kunazo zonke emhlabeni; (Yindlela). Nginenkomo engadli uma ingenawo umsila, idla uma inomsila kuphela (Inaliti). Nginomuntu wami ohamba abuye esangweni; (Umshanelo). Nginezinsizwa ezifaka amabatshi aluhleza, ngelinye ilanga abomvu ngelinye ilanga amnyama; (Ijikijolo). Nginezibani eziphahle intaba; (Anehlo). Nginomakoti ogqoke izingubo ezimhlope nesigqoko esimpofu; (Uthi lometshisi). Nginenkomo emhlophe ehlala esibayeni esibomvu; (Amazinyo).

12. Nginaabantu bami abaphahle intaba; (Izinsika zendlu). Nginomuntu othi angawela endaweni elukhuni afe; (Ibodlela). Nginezinkomo ezidla ehlathini elimnyama; (Izintwala). Nginendlela ende engagcini ndawo; (Umfula). Ngine wisa elibethelwe ngezikipikili ezimnyama; (Ikhanda nezinwele). Nginesigxobo esinamakhasi amaibili; (Umuntu nezingaló zakhe). Ngina manzi amnyama ahlala eshungwini; (Uyingi). Nginesilwane okuthi ekuseni sihambe ngezinyawo ezine; emini ngezinyawo ezimbili; ntambama sihamba ngezintathu; (Umuntu oseyingane akhase lapho esekhulile ahambe ngazombili, kuthi esegugile adondolozele ngoboko).

Nginomuntu ogiya kuwe izihlangu; (Umhlakurva uma linomoya). Nginomfazi ozala ngesimbambo; (Ivovo). Nginomfazi odla alale phezu komntanakhe. (Itshe lokugaya lizitshikelwa imbokodwe

13. ingaphansi). Nginaabantu abathathu oyedwa ushaya ikitali ababili bayasina; (Iwashi). Nginezintombi ezithwele umbondo ngezigcazi ezimhlophe; (Izibonda zikatelefonti). Nginezinkaabi ezimhlophe zidonsa ugodo olubomvu; (Amazinyo nolimi). Nginezinsizwa

/engithi.....

s700

engithi ngingazi6amba zikhale izinyembezi ezimhlophe; (Imi6ele yenkomo). Nginamadoda ama6ili aphikisana njalo uma ehamba ileyo ithi yimina phambili nenye ithi imina phambili; (Izinyawo). Ngina6antu 6ami a6ahamba zonke izinsuku nase6usuku nasemini ka6aphumuli; (Amanzi).

- Kukhona umuntu owena mhla ezalwa nanamuhla usamile; (Umuthi). Nginenqama edla nezimvu ezimhlophe ezide ziya ngaphaya nangaphaya, kodwa zidla ndawonye; (Ulimi namazinya). Nginenkomo yami emhlophe elala endle; (Amazolo). Kukhona umuntu othunywayo kodwa kanazo izinyawo kodwa phezu kwako loko usheshisa okwokhozi,
14. akwenze athunywe kona; (Izwi). Nginomuntu ohamba ngandlelanye a6uye ngayo futhi, kahambi ngenye; (Yisicaba). Nginesi6aya sami esingenasango, nezihlala khona zingqi6ithela phezulu; (Yisicoco). Nginenyoka yami engavinjelwa muntu iya lapho iqonde khona; (Ngumfula). Nginesi6ani esivutha njalo, size sicishwe umnikaziso; (Yilanga). Nginge6andla lami elihla6elelayo, elithi lingahu6ela phansi kujabe oliphetheyo; (Ukuduma kwesisu). Nginama6utho ami asina aphelekezelane; (Amadlambi). Ngingezinkomo ezingena ngesango ziphume ngentuba; uma zike zaphuma ngesango kuya6atshazwa; (Ukudla okungena ngomlomo). Nginempisi, nenkuku nama6ele. Ngifika emfuleni ugwele, kodwa kufuneka loku enginako ngikuwezise
15. ngakunye, ngiqaphele impisi ingadli inkukhu, nenkuku ingadli ama6ele. Uma ngihambisa impisi kuqala inkukhu izosala idla ama6ele, kanti noma ngihambisa ama6ele impisi izokudla inkukhu. Manje ngizokuweza kanjani?

(Ngingakuweza kanjena:- Ngingaweza inkukhu kuqala ngishiye impisi nama6ele ngoba kayiwadli ama6ele, 6ese ngi6uya ngizothatha impisi. Uma sengifike ngaphesheya lapha kukhona inkukhu 6ese. Ngithatha inkukhu ngi6uyele nayo emuva, ngiya lapho kukhona khona ama6ele. Ngifike ngiyi6eke inkukhu 6ese ngiwezisa ama6ele manje ngiwayise lapho kukhona impisi manje. Ngibuyeke ngithathe inkukhu ngiwele nayo. Ku6e sengiqedileke, kwalunga).

Ngina6antu 6ami a6ane, a6a6ili 6ahamba phambili, a6a6ili 6aya landela. Kodwa a6aficani neze, ngisho se6egijima

/kangakanani.....

s700

16. kangakanani. Noma bami kabathintani nakanci, (Amasondo enqola).  
 Nginenkosi ebusa abantu abaningi kodwa lenkosi yona ayenzi lutho iyazihlalela njena. Abantu abayisebenzelayo, kodwa nayo yenza yonke imizamo yokuba bathole ukudla ngaso sonke isikhathi. Uma ingake ibakhohlwe noma ilanga linye njena bangakhohlwa nokuthi bazonyakaza kanjani. Kutheke ngenye imini kwavela impi phakathi kombuso walenkosi. Kwasuka olukhulu uthuthuve kubantu bevukela inkosi. Bathuma izwi kuyo lokuthi ababoni ukuthi iyinkosi yabo kanjani abazange bona bayibeke futhi ayibenzeli lutho. Bakhathele bona ukubuswa inkosi engabenzeli nolunci bafuna ukuzibusa manje. Yavuma inkosi ukuuba baziuse yabuyela
17. eceleni ibona ukuthi kuzochitheka igazi labantu bayo ngoba yona iyabathanda. Yanele yagudluka njenawo balimale abantu belunywa nayizinyoka bewela nasemaweni bethi bayozifunela ukudla. balamba manje ngoba inkosi ayisabaholi ibayise ekudleni. babona manje ukuthi kanti inkosi lena ibibabusa kahle kakhulu. bahlangana manje babuye bayisa izwi enkosini sebeyocela uxolo ukuuba ibathethelele ibuye izobabusa. Ubani igama laleyo nkosi na? (Ngamehlo).